

# HILLCREST HIGH SCHOOL



**HILLCREST HIGH SCHOOL  
UKUHLOLWA KUKA-SEPTHEMBA**

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA  
(FAL)  
IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**IMIKLOMELO: 100**

**ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2**

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukane iziqephu EZINTATHU:  
ISIQEPHU A: Indaba (50)  
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa umyalezo (30)  
ISIQEPHU C: Imibhalo emifushane edlulisa umyalezo (20)
2. Ohlolwayo kulindeleke ukuba aphenule umbuzo OWODWA esiqeshini A ,  
OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Phendula imibuzo ngesiZulu.
4. Ohlolwayo makaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo  
lodwa.
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela:  
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80  
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40  
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni  
lemibuzo.
8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa,  
kubalwa amagama empendulo.
9. Ohlolwayo makaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.**

- 1.1. Ngake Ngazifaka Enkingeni Ngokukhuluma Amanga. (50)
- 1.2. Lento engayibona yashitsha impilo yami. (50)
- 1.3. Umngani Weqiniso Umbona Ngesikhathi Sobunzima (50)
- 1.4. Ukubekezela kuzala impumelelo (50)
- 1.5. Ubuhle Nobubi bokusebenzisa Izithuthi Zomphakathi. (50)
- 1.6 Ngabe Ezoxhumana ziyawuhlanganisa noma ziyawuhlukanisa umndeni. (50)

Bukisisa izithombe ezingezansi bese uziqambela indaba uyiphe nesihloko.

1.7



[sichashunwe google pic.com]

(50)

1.8



[sichashunwe www.google.com]

(50)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

## **ISIQEPHU B: UMBHALO OMUDE**

### **UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

#### **2.1. INCWADI YOBUNGANI**

Bhalela umama noma ubaba wakho incwadi ucele invume yokuthatha ikhefu lonyaka (Gap Year) ezifundweni zakho zemfundo ephakeme.

Bhala Incwadi yobungani. (30)

#### **2.2. UMLANDO NGOMUFI**

Umzala wakho obebambe iqhaza ekuthuthukisweni kwentsha emphakathini ushne emumva kokugula isikhathi eside. Ucelwe umndeni ukuba ubhale umlando ozofundwa enkonzweni yokumphelezela.

Bhala Umlando ngomufi. (30)

#### **2.3. ISIBUYEKEZO**

Uthole ithuba lokubuka ifilimu ekujabulisile kakhulu, ubungathanda ukuthi nabanye bayibuke. Ube usuqoka ukwenza isibuyekezo saleli filimu.

Bhala isibuyekezo se filimu. (30)

#### **2.4. INHLOLOKHONO /I-INTHAVYU**

Ubukade ufake isicelo somsebenzi wokuba ngumhlengikazi ePixley Memorial Hospital, uNsumpa wesibhedlela uMnumzane Mbhele ukubize ukuba uzokwenza inhlolokhono.

Bhala inhlolokhono/ I-Inthavyu phakathi kwakho noNsumpa wesibhedlela. (30)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## **ISIQEPHU C: UMBHALO OMFUSHANE ODLULISA UMYALEZO**

### **UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

#### **3.1. ISIMEMO**

Bhala ikhadi lesi memo umeme amanye amabandla emcimbini wokuvalalisa uMfundisi wenu osithathe umhlalaphansi.

Bhala ikhadi lesi memo. (20)

#### **3.2. IDAYARI**

Bhala Idayari yezinsuku ezinhlanu mayelana nekhempu yokuqeqeshwa kwabaholi babafundi esikoleni (Leadership Camp), uchaze okufundile nokwenzile ngalezo zinsuku.

Bhala idayari ngokwenzile. (20)

#### **3.3 IMIYALELO**

Kulezi zinsuku sekubikwe kakhulu izigameko zokulahleka kwabantwana.

Bhala imiyalelo eyishumi engasetshenziswa abazali ukugcina abantwana bephephile. (20)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**